

# Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/isiZulu

Mandulo 2021 Ushicilelo 2



**SA salutes whistle-blowers**

Page 3



**STAY SAFE**

VACCINATE TO SAVE SOUTH AFRICA

TOGETHER WE CAN BEAT THE CORONAVIRUS



**Ipeleng Kwadi sets her sights on Africa**

Page 7

## R11 billion allocated for jobs

**THE ECONOMIC** Reconstruction and Recovery Plan is helping the country's economy and people recover from the COVID-19 pandemic and recent unrest.

**T**he Presidential Employment Stimulus Package has allocated an additional R11 billion to support employment, as part of the Economic Reconstruction and Recovery Plan (ERRP).

President Cyril Ramaphosa recently made this announcement when responding to questions during a sitting of the National Assembly.

He said initiatives such as the Basic Education Employment Initiative will continue, with the aim of creating jobs for the youth who have assisted in schools as part of the response to the Coronavirus Disease (COVID-19) pandemic.

Support for small-scale farmers and workers in the early childhood development sector also forms part of the stimulus package.

"The Presidential Employment Stimulus Package has supported close to 700 000 job opportunities to date, and largely to young people," he said.

The country's unemployment statistics have highlighted the urgent need for the public and private sectors to be actively involved in implementing the ERRP.

Results for the second 2021 Quarterly Labour Force



Survey (QLFS), recently released by Statistics South Africa, showed that unemployment has increased by 1.8%.

"The statistics released for the second quarter of this year are a reminder of our unemployment crisis and the extent of poverty in our country.

"While the interventions

contained in our ERRP are necessary and significant, I will say now that they are not enough," said the President.

He added that job creation can no longer be the mission of government alone.

"The time has now come

**Cont. page 2**



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

### CONTACT US



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Website: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

**FREE COPY NOT FOR SALE**



# INingizimu Afrika yethulela isigqoko izingede

**E**sikhathini esingangeminyaka emithathu iKhomishana Yokuphenya ngokuQhwagwa koMbuso yaqala umsebenzi wayo, sizwile ngokujula kwezenzo zababhebhezeli benkohlakalo ukuthi zihambe kangakanani ukuze bafihle ububi babo.

Kube ngumsebenzi onzima kakhulu ukuqqa ukuxhumana okube nomthelela oholele kwinkohlakalo. Phakathi kwezinye izinto, imixhantela ezinkampanini yasungulelwa ukuhambisa imali futhi ifihle izinkokhelo ezenziwe kubantu abaxhumene nezepolitiki.

Izindlela ezifanayo zibonakele kuphenyo oluningi olwenziwa wuPhiko Olukhethekile Oluphenya Izenzo Zobugebengu (i-SIU), Umkhakha Ophenya Amacala Obugebengu Abekwe Eqhulwini, Umkhakha Wezokuphenya woPhiko Lwezokushushiswa Kuzwelonke kanye nabanye.

Ngesikhathi lolu phenyo luqhubela phambili futhi nonoxhaka uqala ukuvalela abantu abathintekayo, sibonile ofakazi besongelwa, imindeni yabo isatshiswa, iphoqwa ukuba icashe, futhi ibulawa nokubulawa.

Ukubulawa kuka-Babita Deokaran, isikhulu esiphezulu sezezimali eMnyangweni weZempilo e-Gauteng, kuyisikhumbuzo esikhulu sobungozi obubandakanyekayo emzamweni wethu wokubambisana wokususa lesi sikhava emphakathini wethu.

Ngesikhathi singakazi kahle hle imbanga yokubulawa kwakhe, wayengufakazi oqavile wophenyo lwe-SIU mayelana nokuthengwa kwezinsiza zokuzivikela kulo mnyango.

UPhiko Lwamaphoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS) kanye namaqembu ezokuvikela azimele abophe abasolwa abayisikhombisa muva nje kufanele banconywe ngomsebenzi wabo. Idokodo labo seledluliselwe kuPhiko loKlebe, kanti futhi uphenyo luzoveza eminye imininingwane yokuthi kungani uNkk Deokaran abulawa.

Ngaphandle kwezimo zale nhlekelele, uNkk Deokaran ubeyiqhawe futhi ethanda izwe lakhe. Njengoba ziziningi izingede, ezizibeka engozini enkulu, ezisiza ekuvundululeni izenzo zobubi, ukuphatha budedengu, ubugebengu bokuqashana ngobuhlobo kanye nokweba.

Ngaphandle kokungenelela kwazo ngesibindi kanye nangezimisiso, besingeke sikwazi ukuveza obala labo abenza inkohlakalo.

Nakuba ukugxila kwethu esikhathini samanje bekuzezingedeni emkhakheni kahulumeni, kusafanele sibonge nezingede ezikumkhakha ozimele izenzo zazo ebezingatholi ukunakwa kangako, kodwa-ke nazo zibaluleke ngokulinganayo.

Izingede zingabalondolozisi ababaluleke kakhulu entandweni yethu yeningi labantu. Ziqaphelisa ngezenzo kanye nemikhuba engamukelekile kuhulumeni nasezinhlanguweni.

Zikhuluma ngokuzethemba okuhle nangokulindela okufanelekile hhayi kuphela ukuthi kuzothathwa izinyathelo ngalokhu ezikudalulile, kodwa nokuthi zizovikelwa ekuhlukunyezweni noma ekubandlululweni.

ENingizimu Afrika kunokuvikelwa okubanzi komthetho wezingede, kubandakanya Umthetho Wokuvikela Okudaluliwe, Umthetho Wobudlelwano Emsebenzini, Umthetho Wezinkampani, Umthetho Wokuvikela Ukuhlukunyezwa, kanye noMthethosisekelo uqobo.

Ukwengeza kulokhu, uMnyango Wezobulungiswa kanye Nokuhlunyelelisa Kwezimilo, usebenza namanye ama-ajensi aqinisekisa ukuthotshelwa komthetho, ulawula iHhovisi Lokuvikelwa Kofakazingokuhlinzeka ukwesekelwa kofakazi ababuthakathaka kanye nabasatshiswayo kunoma yiluphi udaba lomthetho.

Ukuba ngaphansi kohlelo lokuvikelwa kofakazi ukwenza ngokuthanda kwakho, futhi akekho namanye phakathi kwe-SAPS noma i-NPA ongapoqa ufakazi ukuthi enze kanjalo.

Uma ngabe ufakazi uthola izinsongo ngempilo yakhe noma ezizwa engaphephile, kumele azise abaphenyi bese efaka isicelo sokwamukelwa kulolu hlelo. Lolu hlelo oluyimpumelelo ludlale indima emqoka ekushushiseni okuyimpumelelo selokhu lwasungulwa, ikakhulukazi maqondana nobugebengu obuhleliwe.



Sekusobala manje ukuthi njengoba impi yokulwisana nenkohlakalo iza ngamandla, kudingeka sibuyekeze ngokuphuthuma indlela yethu yamanje hhayi ukuvikela ofakazi kuphela, kodwa nokuvikelwa okubanzi kwezingede.

Ngesikhathi kunezinhlalelo eziningi ezikhona ezivumela izingede ukuthi zibike ngokungadalulwa, sidinga ukuqinisa izinhlelo ezikhona futhi sihlizenze ukwesekwa okuthe xaxa kulabo abaphumela obala ngolwazi abanalo.

Njengomphakathi, sidinga ukubonisa lapho imithetho kanye nezinqubomgomo ezikhona kunganele ekuvikelweni izindlela zabantu zokuziphilisa, isithunzi kanye nokuphepha kwezingede -futhi sisebenzisane ukubhekana nalokhu.

Inhloso yezigebengu ezibulala izingede akukhona nje ukuthulisa abantu abathile – kodwa futhi ukuthumela umyalezo nakwezinye izingede ezifisa ukuhlaba umkhosi. Usuku nosuku, kunabantu baseNingizimu Afrika abanesibindi abafana no-Babita Deokaran abasamile ekutheni ngeke babe yingxenyane yenkohlakalo

futhi bakulungele ukuvuma ukuthi baphumele obala bafakaze ngayo.

Njengabantu baseNingizimu Afrika simethulela isigqoko nazo zonke izingede emikhakheni kahulumeni nezimele abadalula inkohlakalo elukhuni futhi eyethusayo. Bakwenza konke lokhu ngaphandle kokulindela ukubongwa noma ukuthola umklomelo. Okubalulekile nje kubona ngumsebenzi womphakathi osezingeni eliphezulu.

Angeke neze sikwazi ukuzidumaza. Kumele, futhi sizoqinisekisa ukuthi lokho ezikudalulile kuholela ekushushisweni futhi senze okuningi ukuqinisekisa ukuthi zivikelekile ekulimaleni.

Njengabantu baseNingizimu Afrika, sifuna ukuthumela umyalezo oqinile wokuthi ngeke neze sisatshiswe. Labo abayimbangela yokubulawa kofakazi kanye nezingede bazoboshwa futhi babhekane nengalo yomthetho, njengabo bonke labo abazotholwa benecala lenkohlakalo lezi zinswelaboya ezizama ukuyifihla. **U**

# Yazi ukubona izimpawu zomdlavuza ezinganeni

**INYANGA YOKUWASHISA** Ngomdlavuza Ezinganeni, okwenzeka njalo ngoMandulo, kusiqwashisa ngomdlavuza owehlukahlukene ezinganeni



Allison Cooper

**U**mdlavuza ezinganeni uyenyuka emhlabeni jikelele, ngesilinganiso sengane eyodwa kwezingama-408 emhlabeni jikelele ihlonzwa ngokuthi inomdlavuza ngaphambi kokuba ibe neminyaka eyi-15 yobudala.

Ngokusho kuka-Taryn Seegers, uMxhumanisi weNhlango Yomdlavuza Ezinganeni eNingizimu Afrika i-Childhood Cancer

Foundation of South Africa (i-CHOC), kukholakala ukuthi izingane ezimbili kwezintathu ezinomdlavuza azikutholi ukwelashwa futhi lezo ezithola ukwelashwa kujwayeleke ukuthi izingane lesifo selivele seliphezulu.

Kusukela ngowezi-2011, i-CHOC ibilokhu isebenzisana noMnyango Wezempilo nabalaphi bendabuko ukuhlinzeka ngochwepheshe bezempilo, abasebenzi bezempilo, abalaphi bendabuko kanye nemiphakathi

ngolwazi ngomdlavuza ezinganeni.

“Laba bantu bafundiswa ngezimpawu zokuqala ze-Siluan futhi bafunde nokucacisa izinkoleloze kanye nesihlaba emiphakathini,” kusho u-Seegers.

## Izimpawu zokuqala ze-Siluan yilezi:

- Thola usizo uma kunezimpawu zokuqala futhi ezibelesele.
- **Ihlo:** Ichashaza elimhlophe ehlweni, ukuqhunsula amehlo, ukungaboni, ukukhukhumala kwamehlo.
- **Isigaxa:** Esiswini nasokhalweni, ekhanda nasentanyeni, ezithweni, emasendeni nasezindlaleni.
- **Okungachazeki:** Imfiva engapheli emavikini amabili, ukwehla kwesisindo somzimba, ukuphaphatheka kwesikhumba, ukukhathala, ukusheshe

ulimale noma wophe masinyane.

- **Ukuqanjelwa:** Kwamathambo, amalunga omzimba, iqolo nokushe-sha ukuphuka.
- **Izimpawu zezinzwa:** Uku-shintsha noma ukwehla ekuhambeni, ukuzimela noma ukukhuluma, ukubuyela emuva kokukhula kwengane, ikhanda elibuhlungu elithatha ngaphezu kweviki elihambisana noma elingahambisani nokuhlanza kanye nokukhula kwekhanda.

## Imidlavuza ezinganeni

Imidlavuza ehlasela izingane yehlukile kunaleyo ehlasela abantu abadala. Ijwayele ukuhlasela izitho zomzimba, ibukeka ngokuhlukile ngaphansi kwesibonakhulu futhi iyaye ihambisane kahle nemithi yokwelapha, kusho u-Seegers.

“Amazinga okwelapheka kwemidlavuza eminingi yezingane makhulu kakhulu kunemidlavuza ehlasela abantu abadala. Namuhla, emazweni asathuthuka, iningi lemidlavuza yezingane ingalapheka ngempumelelo, futhi ephakathi kwama-50% nama-60% ingalashwa. Emazweni acebile, izingane lokusinda lingaba phakathi kwama-85% kuya kuma-90%.”

Izingane eziningi kudinga zihlonzwe ngesikhathi isifo lesi sisesemazingeni aphansi futhi bathole ukwelashwa okuyikho – ezikhungweni zokwelapha okukhethekile okunikezwa ngongoti abafanele – uma sifuna ukuthuthukisa izingane lokwelapha. **U**

Ngemininingwane ethe xaxa, thinta inombolo yosizo ye-CHOC ku-0800 333 555.

**STAY SAFE**  
VACCINATE TO SAVE SOUTH AFRICA  
TOGETHER WE CAN BEAT CORONAVIRUS

**TAKE THE JAB AND PROTECT OUR FUTURE**

**18-34YR OLDS VACCINATE NOW!**

**V-CHARGED**